# Sekunenhlangano esiza necija abafundi bezolimo

**PHILI MJOLI**
phili.mjoli@inl.co.za

UKUSEBENZA nabantu besilisa abaningi kumele ukujwayele uma usemkhakheni wezolimo ngoba yibo abaningi.

Lena yindlela uNksz Noxolo Molefe (21) ongumfundi wezolimo eCedara abuye abe ngumcwaningi enhlanganweni esungulwe ngabafundi bakulesi sikhungo i-Agrigroomers. Le nhlangano ithuthukisa iphinde icije abafundi ngezinselelo abazobhekana nazo uma sebengabalimi.

UNksz Molefe uthe ungene kule nhlangano ngoba ebona ukuthi yize bekufundele ukulima kodwa ziningi izingqinamba ababhekana nazo uma sekumele basebenze noma bazisungulele awabo amapulazi.

"Singabantu abasha sinezinto eziningi kakhulu okusamele sizifunde ezenzekayo kuwo lo mkhakha. Sidinga ukuqeqesheka okuthe xaxa kunalokhu esikufunda ekolishi," kusho yena.

Kusukela isunguliwe le nhlangano nyakenye uthe useke wajutshwa ukuthi enze ucwaningo ngomkhakha wokufuya izimbuzi, izinkomo ukutshalwa kwemifino nezaqathe ngokwehlukana kwazo.

"Ngesikhathi ngamukela isikhundla sokuba wumcwaningi ngangingazi ukuthi kuzoba wumsebenzi engiwuthokozela kangaka. Ngicwaninga ngezindlela ezahlukene zokufuya nokutshala kuye ngokuthi ngijutshwe ukuthi ngenzeni ngaleso sikhathi."

Ukucwaninga sekumenze wabona ithuba lokufunda ukuze acwaninge ngazo ezolimo athi uzokwenza ngonyaka ozayo.

Ngakolunye uhlangothi uzakwabo uNksz Siphesihle Mchunu ongunobhala kule nhlangano uthe bazoqhubeka nokuba ngamalungu ale nhlangano noma sebesebenza ngoba zizobe zisekhona izinselelo ezidinga imibono eyehlukene.

"Sizokwehla isikhathi sokuhlangana kodwa lokho akusho ukuthi sizoyeka into enhle esiyisungulile. Sifisa ukuthi ingagcini ngabafundi bakulesi sikhungo isabalale nakwezinye izikhungo," kusho yena.

Njengoba kuyinto yentsha imibono nempumelelo yayo ithe chithi saka ezinkundleni zezokuxhumana. Uma kunocwaningo oseluphothuliwe luyatholakala kuFacebook. Imicimbi nemihlangano kumenyezelwa kuwo ufacebook.

"Lokhu sikwenzela ukuthi kube lula ukuxhumana," kusho yena.




**UNKSZ Siphesihle Mchunu noNksz Noxolo Molefe**



**ESINYE seziqubu zomlilo ecekele phansi imvelo ezidinga ukugwenywa esikhathini esizayo**

# Amacebo okuvimba umlilo emakhaya

**LUNGI LANGA**
lungile.langa@inl.co.za

ungazisebenzisi

■ Izifudumezi kufanele zibe buqamama ngemitha elilodwa nezinto